GRADE 6 WORKSHEET 2

IKHISHI LASEKHAYA

Ikhishi lakithi likhulu futhi liyasanelisa ngoba siwumndeni omkhulu. Uma sidla isidlo sakusihlwa sivamise ukuhlala ekhishini.

Ikhishi lakithi lipendwe ngombala ophuzi. Linamakhabethe amahle futhi ahehayo. Umama upheka njalo ukudla okunomsoco. Ekhishini lethu kukhona izitsha, amabhodwe, amagilazi, iketela, amabhakede, izinkomishi, namasoso, isitofu esinohavini, izimfologo nemimmese kanye namapuleti.

Umama ubhaka isinkwa kuhavini. UNoma ulekelela uma epheka ukudla noma ebhaka. Ugogo uphula amagilazi ngoba akasaboni kahle. Ubaba ulola ummese wokusiqobela inyama. Abafana basiza ukusula amafasitela. Uma sesidlile, uNoma ushanela ikhishi kanti ugogo usula amakhabethe ngendwangu uma esengcolile. Sikha amanzi ngamabhakede. Sonke ekhaya siyalithanda ikhishi lethu.

UMBUZO

PHENDULA IMIBUZO ELANDELAYO

1.Bawumndeni ongakanani kulelikaya? (1)

_____

2. Bahlala kuphi uma bedla isidlo sakusihlwa? (1)

_____

3. Ngobani ababhaka baphinde bapheke ukudla? (1)

_____

4. Lipendwe ngombala onjani ikhishi? (1)

_____

5. Yini lena eyenza ugogo aphule amagilazi? (1)

_____

6. Abafana basiza ngani/ngokwenzani? (1)

_____

7. Ubaba uwenzani ummese wokusiqobela inyama? (1)

_____

8. Uwasula ngani ugogo amakhabethe? (1)

_____

9. Ubani oshanela ikhishi? (1)

_____

10. Upheka ukudla okunjani umama? (1)

_____

11. Ekhishini lethu kukhona _____, _____

_____, _____, _____

_____, _____, _____

_____, _____.

1.2. Yisho uthi Yebo noma Cha:

a. Ikhishi lakithi lipendwe ngombala omhlophe? _____ (1)

b. Umama upheka njalo ukudla okunomsoco? _____ (1)

c. UNoma ushanela ikhishi? _____ (1)

d. Ugogo usula phansi? _____ (1)

e. Sikha amanzi ngamabhakede? _____ (1)

f. Ugogo uphula amagilazi ngoba akasaboni kahle? _____ (1)

1.3.a) Ugogo usula amakhabethe _____. (1)

b) UNoma _____ ikhishi. (1)

c) Abafana _____ ukusula amafasitela. (1)